



KWAZULU-NATAL LEGISLATURE

NEWSLETTER

Mandulo 2020

ISIZULU

15th Edition



ISISHAYAMTHETHO SABANTU, ESINOMDLADLA



UMYALEZO KASOMLOMO

Honourable Speaker Nontembeko Boyce

Siyakwamukela kushicilelo lwasibili lonyaka ka-2020, okungushicilelo lwethu lweshumi nanhlanu, selokhu iSishayamthetho sesifundazwe saKwaZulu-Natal saqala ukusebenza ngokombono waso "WeSishayamthetho Sabantu Esinomdlandla."

olu shicilelo lufike ngesikhathi isifundazwe sethu sibhekene nobhubhane i-COVID-19, nokuphoqe ukuthi uhulumeni waseNingizimu Afrika amemezele ukuthi izwe lethu libhekene nenhlekelele, njengoba kwenza uMengameli Cyril Ramaphosa, enkulumeni yakhe ayeyibhekise esizweni ngomhlaka 15 kuNdasa 2020. Ukuqinisa impi yokulwa nokusabalala kobhubhane i-COVID-19 ezweni, uMengameli wamemazelala ukuvawa thaqa kwezwe ngomhlaka 23 kuNdasa 2020, nokwakuzoqala phakathi kwamabili ngomhlaka 26 kuNdasa 2020, kuze kuyophela phakathi kwamabili ngomhlaka 16 kuMbasa 2020, njengengxene yemizamo kahulumeni yokunqanda ukusabalala ngesivinini kobhubhane i-COVID-19. ISishayamthetho saKwaZulu-Natal naso asisalanga ngaphandle kulokhu, kodwa siqhube kile nokuzinikela ekusebenzeleni abantu baKwaZulu-Natal ukuze kugcwalseke umyayelo ohamba negunya esiwunike uMthethosiekelo wethu, wokuba yiso phezu kwazo zonke izinhlelo nezinhlaka zikahulumeni, ukuze abantu bonke babambe iqhaza ekubekweni kwemithetho, siyakhola ukuthi singayikhulisa ngokubambisana iNingizimu Afrika.

Kukulolu shicilelo senaba ngegalelo lethu lokuhambela izindawo siqinisekisa ukuthi konke kumi ngomumo, sivakashele izikole sahlolisisa isimo sazo, sabe sesihambela nezhkhungo zezempiro esifundazweni sonkana, sibheka ukusebenza kwazo nokulungela kwezingqalasizinda. Kulolu shicilelo siphinde sikhulume kabanzi ngomsebenzi wamakomidi eSishayamthetho njengoba ebesebenza ngokuzikhandla ukuqinisekisa ukuthi imikhakha ayimele yenza imisebenzi yayo ngendela, kakhlukazi ezintweni ezithinta ubhubhane i-COVID-19, nokusebenza kweSishayamthetho kwemihla ngemihla.

ISishayamthetho saKwaZulu-Natal sihlale okokuqala ngqa kusetshenziswa ubuchwepheshe besimanjemanje: kube iPhalamende Labasebenzi, elibhule amazolo - kwaba ukwethulwa ngokusemthethweni kokuhlala kweSishayamthetho ngobuchwepheshe besimanjemanje, ngenxa yokubheduka kobhubhane i-COVID-19 nokulandela kwemigomo ebekiwe yokunqanda ukusabalala kwegciwane. ISishayamthetho sihlale izikhathi eziningana ngempumelelo kusetshenziswa ubuchwepheshe besimanjemanje ngemva kokwengezwa kweikhathi sokuvalwa kwezwe: Kube nokwethulwa kwesabelo mali sesifundazwe, iPhalamende Labantu Abasha, noMhlangano Wabantu Abasha Besifazane. Isizathu sokusebenzia ubuchwepheshe besimanjemanje ukuqinisekisa ukuthi umsebenzi weSishayamthetho uqhubeka ngaphandle kwezingqinamba, bese

kuthi amalungelo nemibono yezakhamizi kuhlale njalo kuyingqikithi esigxile kuyo, ikakhulukazi njengoba siqhubeoka nokulwa nobhubhane.

Sisondeza umfundu eduze kwezinto ezikhinyabeza abasebenzi basezindaweni ezihlwempu nabantu abasha kulesi sifundazwe, njengoba kuvalwe izwe ngenxa yomthelela we-COVID-19. Lokhu kwensiwe kusetshenziswa uholelo lukaSomlomo lokunikezela emiphakathini oluqlanganisa imikhakha eyahlukahlukene. Inhloso ngqangi yethu ibigxile ekutheni siqinyelele cishe kubo bonke abantu abakulo mkhakha.

ISishayamthetho sibeke izindlela ezahlukahlukene ukuqinisekisa ukuthi imithetho nemigomo ebekiwe yokuvalwa kwezwe iyalandelwa, okuhlanganisa eyangaphakathi kwiSishayamthetho nasemiphakathini yonkana. Lezi zindlela zihambelana nenqubo mgomo yoMthethosiekelo onika iSishayamthetho umsebenzi wokwenza imithetho, ukwengamela, nokumbandanya imiphakathi. Lokhu kudinga ukuthi iSishayamthetho sixhumane ngokungaphezi nabantu bonkana, ngokuthumela imiyalezo engaguqiki okuhloswe ngayo ukuqanda ukusabalala kwegciwane, ngakolunye uhlangothi sibe siqhubeoka nomsebenzi wokwengamela lokho okwenziwa uhulumeni ekunqandeni ukusabalala kwe-COVID-19.

Zonke izandla zimatasa ekwenzeni uhulumeni aphendule ukuze kuqinisekiswe ukuthi izinsiza ziayafinyelela kubantu bese kuhfinda kubhekwna nezidingo zabantu ngokuhanjewa kwezindawo kuhlolisiswe umsebenzi kahulumeni, ngalokho siyakwazi ukuthi siphenduleke bese konke kuba sobala maqondana nokwenziwa kwemisebenzi nezinhlelo zikahulumeni, okuhloswe ngazo ukushintsha izimpilo zabantu nokuba yimpendulo ezidingweni zabantu.

Amalungu eSishayamthetho abematasa ukuqinisekisa ukuthi uhlelo lokuguqulwa komnotho oluzohlomulisa bonke abantu – nolulangazelelwakakhulu abantu bakithi ikakhulukazi kulesi sikhathi esinzima, luba yimpumelelo. Njengoba ukuvuleka kwamagebe okuntula ahamba ngokobuhlanga nangokobulili, ukungabikho kwamathuba emisebenzi nokungalingani ngokwemiholo kuyiyona nto ekhathaza uhulumeni, kunesidindo esiphuthumayo sokuthi lokhu kulungiswe, futhi kuseqhulwini lwemigomo esiyibekelwe emisebenzini yethu yomphakathi.

Sinifisela okuhle kodwa. Thokozelani lolu shicilelo oluqukethe ulwazi lokunithuthukisa nokuzithokozisa ngokufunda.

Nontembeko Boyce

USomlomo weSishayamthetho



OKUQUKETHWE

- 2 Umyalezo kaSomlomo
- 3 Ikhasi lokuQukethwe
- 4-5 Ukwephethwa kweNyanga Yabantu Abasha Ngegiya Eliphezulu
- 5 IsiShayamthetho Sesithathe Elinye Igxathu Ukuthuthukisa Ukusebenza Ngobuchwepheshe
- 6 Amalungu esiShayamthetho Avakashela Izibhedlela
- 7 USomlolo Unxenxe Abantu Abasha ukuthi Belekelele Ekulweni ne-COVID-19
- 8 IsiShayamthetho KwaZulu-Natal Sibungaza Iminyaka Eyikhulu kaHarry Gwala
- 9 Iphalamende Labasebenzi Lelule Isandla Lasiza Abasebenzi Abakhinyabekile
- 10 Iphalamende laKwaZulu-Natal Nokusebenza Ngobuchwepheshe Besimanjemanje
- 11 Amalungu esiShayamthetho Kwazulu-Natal Ahlolisise Isimo Sezikole Njengoba Bezivulwa
- 12 Ukwethulwa Kwesabelo Mali Sesifundazwe
- 13 Abantu Abasha neZithelo Zenkululeko
- 14 IsiShayamthetho SaKwaZulu-Natal Sisemanzini Ngokwedlula Emhlabeni kukaMhlonishwa N.R. Mthembu
- 15 Ikomidi leSishayamthetho Elibhekelele Ukuhlaliswa Kwabantu Lamukele Umbiko Ngamagxathu Asethathwe yilo Mnyango Ukulwa nobhubhane I-COVID-19.
- 16 Ikomidi LesiShayamthetho Elibhekelele Ukubusa Ngokubambisana Nobuholi Bomdabu Lamukele Umbiko Ngobhubhane I-COVID-19
- 17 Ikomidi Lezolimo EsiShayamthetho Libonga Igalelo Labalimi Abasafufusa
- 18 Kudingidwa Ukulungela Kwezhkhungo zikaHulumeni zeZempilo Ukulwisana nobhubhane I-COVID-19
- 19 Ikomidi Lesishayamthetho Elibhekelele Ezeziali Lingenele Ohlelwani Lokwakhiwa Kwezindlu Zangasese Kwanongoma
- 20 Ikomidi Lezemidlalo Nokungcebeleka Lidlulise Amazwi Enduduzo Emndenini Kulandela Ukudlula Emhlabeni kuka-Cedric 'Sugar Ray' Xulu
- 21 Ikhasi lezokuXhumana
- 22-23 Ukuvakashelwa Kwezibhedlela

UKWEPHETHWA KWENYANGA YABANTU



IsiShayamthetho saKwaZulu-Natal sephethe ngegya eliphezulu nangempumelelo izinhlelo Zenyanga Yabantu Abasha, ngenkathi amalungu eSishayamthetho evakashela yomine imikhandlu eyakhele isifunda iHarry Gwala, enikezela ngezamfonyo, amathawula angasese abesimame, nezibulali magciwane.

Uhlelo lokufinyelela obeluhlelwengaphansi Kwezinhlelo zikaSomlomo Zokunikezelu Emiphakathini, bekungolokugcina kuchungechunge lwezinhlelo Zenyanga Yentsha ebezihlanganisa ukubanjwa kwePhalamende Labantu Abasha kusetshenziswa ubuchwepheshe besimanjemanje nenkulomo mpikiswano ebidinga kuvali amathambo engqondo, nebanjelwe emsakazweni Ukhzo FM.

Amalungu ahloniphekile amukelwe ngezandla ezimhlophe emikhndlwi iNkosazana Dlamini, Ubuhlebezwe, uMzimkhulu naseKokstad, nokuyilapho behambele amarenki amatekisi, izinxanxathela zeztolo nezigidzi.

USotshwebhu uMhlonishwa Super Zuma, obehola ithimba ebelinekezelu ngezinsiza eMkhndlwi waseBuhlebezwe,



ABASHA NGEGIYA ELIPHEZULU



uxwayise abantu ukuthi baqikelele ukulandela yonke imigomo ebekiye ye-COVID-19, njengokwesiyelezo seThimba Likazwelonele Eleluleka Ubuholi Bezwé ekunqandeni ukubhebhetheka kobhubhane.

Le migomo ihlanganisa ukuqhelelana, ukugeza izandla njalonjalo nokufaka isamfonyo ngaso sonke isikhathi uma uphumela esidlangulareni.

ISISHAYAMTHETHO SESITHATHE ELINYEIGXATHU UKUTHUTHUKISA UKUSEBENZA NGOBUCHWEPHESHE

Isishayamthetho Sethule uhlelo lukamakhalekhukhwini i-APP okuhloswe ngalo ukuthi zonke izinhlelo zaso zisebenze ngobuchwepheshe besimanjemanje, nokuhambelana nenhoso ngqangi yalesi sikhungo ka- 2019 kuya ku-2024 yokuguqula iSishayamthetho sonke ukuthi singabe sisasebzisa amaphepha noma imiqingo.

Wonke amalungu eSishayamthetho anikezwe omakhalekhukhwini abasha, abanjengezixwembe nokuyilapho kufakwe khona i-APP ukuze amalungu nabasebenzi bakwazi ukuthola kalula ulwazi ngeSishayamthetho ngaso sonke isikhathi noma ngabe bakuphi.

Phakathi kolwazi olubarulekile olufakwe kwi-APP singabala ikhalende lonyaka lazo zonke izinhlelo zeSishayamthetho, imihlangano ehleliwe yamasonto onke yokuhlangu nokuhlala kwamakomidi, imiquu yemihlangano yamakomidi nokuhlala kwendlu, izinhlelo zoguqoko ezibekelwe isikhathi nezinhlelo zokucubungula osekwenziwe iSishayamthetho neminyango kahulumeni esifundazweni, kube izinkulomo ngemithetho, izinkulomo ngezabelo mali, inkulomo kaMengameli ayibhekise

esizweni nenkulomo kaNdunankulu ngesifundazwe, ulwazi ngePhalamende nohulumeni kazwelonele, amalungelo nemithetho, ukubala nje okumbalwa.

Kuzoqeqeshwa wonke amalungu eSishayamthetho nabasebenzi ngokusethenziswa kwe-APP ukuze kuqinisekiswe ukuthi lesi sikhungo siyapheleliwa ekusethenzisweni kobuchwepheshe besimanjemanje.

Ukwehulwa kwe-APP kuhloswe ngakho ukuqinisekiswe ukuthi iSishayamthetho saKwaZulu-Natal sikhungo ukumelana nezinselelo eziphoswa ukuthuthuka komkhakha wesine kwezomnetho, nokuthi kusethenziswe ubuchwepheshe ukwenza ngcono izindlela zokusebenza nokukhuphula izinga lokukhiqiza nokwenziwa kale kwezinto kungamoshwa mali nasikhathi.

AMALUNGU ESISHAYAMTHETHO AVAKASHELE IZIBHEDLELA



Amalungu eSishayamthetho esifundazweni athunyelwe isifundazwe sonkana evakashela ezibhedlela nezikhungo zezempiro njengengxenye yokuhlolwa nokwengamelwa kwezikhungo zezempiro.

okhu kuvakasha kugxile kakhulu ekuhlisisweni kokuviva kwezikhungo zezempiro ekunqanden iLukubhedula kobhubhane i-COVID-19. Amalungu abethunyelwe kuzona zonke izifunda emukele imibiko ehlukahlukene ngezinselelo ezibhekene nabasebenzi bezempiro.

Isibonelo, elinye lamathimba amabili abethunyelwe eThekwini, nebeliholwa uSihlalo wekomidi leSishayamthetho elibhekelele eZempilo uMhlonishwa Nomakiki Majola, lithole ukuthi kunokushoda kodokotela kwezinye zezikhungo zezempiro zikhulumeni.

Ithimba likaMajola, obekukhona kulo uMhlonishwa Zwakele Mncwango noMhlonishwa Thokozile Gumede, livakashele izibhedlela iKing Dinuzulu ne-Addington ngosuku lokuqala lokuhanjelwa kwezikhungo.

UMhlonishwa Majola ubonge abasebenzi besibhedlela ngokuzimisela kwabo, wathi bayilona themba izwe nesifundazwe esinalo ekulweni nobhubhane i-COVID-19. Ugqugquzele abasebenzi ukuthi bakhulume ngezinselelo ababhekene nazo, okuhlanganisa ukunikezelwa kwezinsiza zokuzivikela

Umphathi oyibamba esibhedlela iKing Dinuzulu uDkt Zanele Dlamini utha nakuba isibhedlela sinikwe abahlengikazi abaningi ukwelekelela ekulweni ne-COVID-19, kesenokushoda kodokotela.

UDlamini utha babhekene nenkinga embaxa njengoba isibhedlela singenabo odokotela abasafunda umsebenzi nalabo abasiza umphakathi ngokwejwayelekile, nokuthi odokotela abakhona bangaphansi kwengcindezi ngenxa yokuthi basiza iziguli njengokwemihla ngemihla baphinde banakekele iziguli ezihaqwe ubhubhane i-COVID-19.

Embikweni ohlanganiswe yisibhedlela i-Addington nobuhlelelw ithimba ebelivakashile, kuvele ukuthi i-COVID-19 isifake enye ingcindezi kwizinsiza zesibhedlela.

Isibhedlela ekuqaleni besithathe abasebenzi emawodini ukuthi bazosiza emagumbini abahaqwe ubhubhane, kanti muva nje kusanda kubekwa abahlengikazi abayishumi nambili abebenezinkontileka yezinyanga eziyisithupha, ukuthi basebenze emagumbini abanobhubhane.

Imibiko eyamukelwe amalungu ahloniphekile izohlanganiswa ibe umqingo owodwa, ozobe usunikezelwa kuSomlomo.

USOMLOLO UNXENXE ABANTU ABASHA UKUTHI BELEKELELE EKULWENI NE-COVID-19



USomlomo wesi Shayamthetho sa KwaZulu esifundazweni uMhlonishwa Nontembeko Boyce unxenxe abantu abasha ukuthi basebenzisane nohulumeni ekulweni nobhubhane i-COVID-19.

Mhlonishwa uBoyce ubekhuluma ngesikhathi kuhleli iPhalamende Lentsha laminyaka yonke ebelibanjwe kusetshenziswa ubuchwepheshe besimanjemanje. Ingqikithi yePhalamende labantu abasha yanonyaka ibithi: "Amanda eNtsha: Sikhulisa uMzansi Afrika ndawonye ngesikhathi sibhekene neCOVID-19."

iPhalamende Labantu Abasha belibanje izinhlaka zentsha ezivila emaqenjini ezeptopoli amealekile esi Shayamthetho sesifundazwe. Inkulomo yosuku yethulwe uNdunankulu uMhlonishwa Sihle Zikalala noNgqongqoshe weZemfundo esifundazweni uMhlonishwa Kwazi Mshengu.

"Ingqikithi ikuhuluma ngabantu abasha abdlala igalelo elikhulu ekulweni nobhubhane i-COVID-19. Niygugu lethu elikhulu, imiqondo yenu ebukhali nomdlandla wenu omkhulu, konke kungasetshenziswa ukwenza ngcono izindlela zokulwa ne-COVID-19, siphinde sizakhele isithombe se-Ningizimu Afrika ekwazi ukuzimela geqe, engacwasi nokwebala nangokobilili futhi ekhululekile," kusho uMhlonishwa Boyce.

Ube esenusa abantu abasha ukuthi bafake umfutho ekusetshenzweni kobuchwepheshe besimanjemanje kanye nezindlela ezintsha ezigqame ngesikhathi sobhubhane, ukuze kuvuselelw umnotho noma seyedlulile i-COVID-19. Abantu abasha esifundazweni sonkana, bakwazile ukuba yingxenyeyokuhlala kwePhalamende Lentsha besebenzisa izinhlaka ezalhukene zobuchwepheshe bezokuxhumana.

"Namhlanje ngifuna ukukhumbuza bonke ababukeli ukuthi besingeke sibe lapha, ukube intsha yango-1976 ayizange ime isibindi, izinikele, ilwe esikhathini esinzima," kusho uMhlonishwa Boyce.

iPhalamende labantu abasha liyingxenyeyezinhlelo zesiSishayamthetho zokumbandakanya izinhlaka ezalhuklene zomphakathi ekulawulweni kwesifundazwe.

Izithunywa zePhalamende Labantu Abasha zizwakalise izikhalo eziningana ezihlanganisa izinga eliphezulu lokungaqashwa kwabantu abasha, ukwenyuka kwezinga lezigameko zodlame olubhekiswe kwabesifazane nolwayamene nokobulili.

iPhalamende Labantu Abasha libe selithatha izixazululo esingabala kuzo:

- Ukunxenxa uhulumeni ukuthi akwesule ukufuneka kwesipiliyonu kuyo yonke imisebenzi ekwisigaba sokuqala, nokuthi kufakwe umthetho okuzoqinisekiswa ngawo ukuthi amaphesenti angamashumi amane ayo yonke imisebenzi kahulumeni agcwaliswe ngabantu abasha.
- Inqubo yokukhishwa kwamathenda kahulumeni kumele ivune abantu abasha, bese uhulumeni ebeka eceleni amaphesenti angamashumi amahlanu esabelo sokuthengwa kwempahla esizosetshenziswa emabhizinisini abantu abasha.
- Uhulumeni kumele ehlise imali okuthengwa ngayo i-data, aphinde axhase abantu abasha nge-data njengoba liyisidingo kubona bonke abafundi, izitshudeni zasemanyuvesi nabantu abasha abangasebenzi.
- Amahhovisi aqondene nezindaba zabantu abasha kufanele asungulwe kubo bonke omasipala nakuyo yonke iminyango kahulumeni.
- Izikole kufanele zivulwe kuphela uma sekujinisekiswe ukuphepha kwabo bonke abathintekayo obhubhaneni i-COVID-19.

ISISHAYAMTHETHO KWAZULU-NATAL SIBUNGAZA IMINYAKA EYIKHULU KAHHARRY GWALA



**Isishayamthetho saKwaZulu-Natal
sibungaza iminyaka eyikhulu kaHarry Gwala
ngemibhidlango eminingi okuhlanganisa
isifundo esiyisikhumbuzo ngaye kanye
nokushicilelwu kucasomqulu ngempilo
yakhe kanye nezinye izingqalabutho.
Lokhu kumenyezelwe uSomlomo wesi
Shayamthetho uMhlonishwa Nontembeko
Boyce, ngesikhathi ethula inkulumo yakhe
yesabelo mali ngoNhlanguana.**

UMntomdala, okuyigama ayedume ngalo uGwala, wedlula emhlabeni ngonyaka ka-1995. Wayekade enesifo esibiza nge "motor-neuron disease". Lesi sifo samngena ngesikhathi edonsa iminyaka eRobben Island.

"Malungu ahloniphelike – njengendlela yokubungaza iminyaka eyikhulu yokuzalwa kweBhubesi lase Midlands, nanokuvuku umoya wokulwa nokuphokophela phambili walesi shishoshovu, njengoba nathi sibhekene nempi yokulwisan nobhubhabe i-Covid-19 – sithathe isinqumo sokwenza isabelo mali sanonyaka sibe ngoSotshwebhu oMkhulu wokuqala weqembu eliphikisayo late ndlu, ubab' uGwala ongasekho," kusho uMhlonishwa Boyce.

Njengengxene yokubungaza iminyaka eyikhulu yempilo yaleli qhawhe lomzabalazo, iSishayamthetho sinqume ukuthi kube nosomqulu ozogcina umlando oqoqelwe ndawonye ngezimpilo zabo bonke abesilisa nabesifazane abazidela ngenxa yenkululeko yaleli zwe kanye nemigomo yoMthetho Sisekelo wethu, selokhu kwaqala inkululeko. Lo somqulu uzoba ingxene yomlando oyokwedluliselwa ezizukulwaneni ukuze abantu ikakhulukazi abasha, bathole amaqhawе abazosika kuwo iphethini kuyo lendlu, njengoba sakha isizwe esikwaziyo ukuzimela.

"Ukuze siqinisekise umbungazo onesiqqi weminyaka

eyikhulu kwazalwa iNgonyama yaseMgungundlovu, simatasa silungiselela isifundo ngoHarry Gwala, esizokwethulwa ngomhlaka-31 kuNtulikazi, nokuwusuku lwakhe lokuzalwa. Amalungu azokwaziswa ngawo wonke amalungiselelo," kusho uMhlonishwa Boyce.

UGwala wazalwa ngonyaka ka-1920, KwaZulu-Natal ngaphandle kwaseNew Hanover, washonela eMgungundlovu ngonyaka ka-1995 eseneminyaka engu-75. Ubengusopolitiki ingxene enkuu yempilo yakhe. Ngokwemfundo wayenguthisha, kanti iziqu zakhe zobuthishela wazithola e-Adams College, eManzimtoti. Waqala ukufundisa eSlangspruit, eMgungundlovu.

UGwala wayeyilungu leSACTU, SACP ne ANC. Wajoyina iqembu lamaKhomanisi (SACP) ngo-1942, waphinde wajoyina uphiko Iwentsha lukaKhongolose, ngo-1944, ngemuva kweminyaka emibili eyilungu lamaKhomanisi. Ngalesi sikhathi wahlanganisa abasebenzi ezimbonini zamakhemikhali nezokwakha, kwaba wukusungulwa kwenyunya i-Rubber and Cable Workers Union, eMgungundlovu, eHowick. Abasebenzi abaningi kule ndawo babefudu ke emakhaya abo ngenxa yamathuba omsebenzi.

Ngonyaka ka-1950, kwaqubuka iziteleka zabasebenzi kuzwelone, uGwala wayengomunye wabagqugquzeli, nokwaholela ekutheni igama lakhe lifakwe ngaphansi kohlu lomthetho kahulumeni wobandlululo owakhipha, isinqumo sokuthi amaKhomanisi ayinhlangano engekho semthethweni okungamele ivunyelwe ukusebenza ngo-1952 (Suppression of Communism Act). UGwala wamiswa iminyaka emibili.

UGwala waphinde waqashwa esibhedlela e, Edendale, eMgungundlovu, kodwa waphinde waxoshwa ngokunxenxa abasebenzi ukuthi babe ngamalungu e-South African Council of Trade Unions (SACTU). Ngesikhathi uhulumeni wobandlululo evala uKhongolose ngonyaka ka-1960, uGwala, waba yisishoshovu esiwumshosha phansi. Waboshwa ngo-1964 ngecala lokucekela phansi uhulumeni wobandlululo nokunxenxa abantu ukuthi bajoyine uMkhonto we Sizwe babe ngamalungu. Waboshwa wayovalelwu eRobben Island iminyaka eyisishiyagalombili, wadedelwa ngo-1972, nokuyilapho abekelwa khona umthetho wokuthi angaphumeli ngaphandle koMgungundlovu.

Ngo-1977 waphinde waboshwa wagwetshwa udilika jele eRobben Island nokuyilapho afike wathandwa khona yintsha kakhulu, ngezifundiso zakhe zezinjula-buchopho iMarxist-Lenist, ezigqugquzela ukuthi kwipolitiki abantu bonke kufanele babelwe umnotho ngokulinganayo. Ngesikhathi uGwala esejele, umkakhe u-Elda wedlula emhlabeni, wenqatshelwa ukuthi ayomngwaba. Ngo-1980, izingalo zakhe zakhbazeka azabe zisakwazi ukusebenza, nokwaholela ekutheni akhishwe etilongweni. Lokhu kukhubazeka kwabangelwa yisifo esiphamazisa ukusebenza kwengqondo nemizwa, asithola esaboshwe eRobben Island.

Ngesikhathi esekhululiwe ejele waqhube ka nobuka yisiboneko kubantu abasha emzabalazweni wokulwela inkululeko, ukuthula nobulungiswa. Ukuwe ubesaphila uGwala, kulo nyaka ubezobe ehlanganisa imiyaka eyikhulu azalwa.



IPHALAMENDE LABASEBENZI LELULE ISANDLA LASIZA ABASEBENZI ABAKHINYABEZKILE

IPhalamende Labasebenzi lanonyaka aligcinanga ngokuba inkulumo mpikiswano ebibanjwe ngobuchwepheshes besimanjemanje, njengoba kubhekenwe nobhubhane i-COVID-19, kodwa liyiswe ngqo kubasebenzi basezindaweni zasemakhaya, nokuyilapho isifo sigadle khona kwezwela.

Laba basebenzi bemukeliswe izinsiza zokuzivikela, izibulali magciwane kanye nezamfonyo.

Kube ngumbono womfelandawonye wezinyunya zabasebenzi, okuyi- COSATU, NACTU ne FEDUSA, ukuthi ukubambisana kwabasebenzi kulesi sikhathi esinzima ezimbonini ezahlukahlukene kungabonakalisa kangcono ngokuthi, nabo abasebenzi belule isandla belekelele emiphakathini ngezinsiza zokuzivikela okuyizona ezishodayo. Kanti nesidingo sazo sikhulu.

Amalungu eSishayamthetho esifundazweni kanye nabaholi bemifelandawonye yezinyunya zabasebenzi, bachitheke bagcwala imigwaqo kusempondo zankomo beqhuqhwa amakhaza asekuseni beyokweseka abasebenzi bezindawo ezikhinyabekile ngenxa yobhubhane.

Abasebenzi bamafemu aseManden i kanye nabasebenzi basemapulazini eXopo, bemukeliswe izinsiza zokuzivikela, besezindleleni belibangise emsebenzini.

Laba basebenzi bahlonzwe njengababekana nezinseleno ezinzima kakhulu njengoba behlala emiphakathini ehlwempu, kanti nezimboni abasebenza kuzo zinobuguqugu kulesi sikhathi sobhubhane.

"Sizwelana kakhulu nalaba basebenzi, kanti emizamweni yethu yokulwela izimo ezingcono zokusebenza, nemiholo engcono, sesifake nezindlela zokulwa ne-COVID-19, kubasenzi bonkana," kusho uNobhala we-COSATU esifundazweni, uMnuz Edwin Mkhize.

Ingqikithi yanonyaka ibithi: "I-COVID-19 Nomthelela Omubi eMnothweni, Imiphumela yayo ezodonsa isikhathi eside ezimaketha zabasebenzi: Nokugadla kuzwele kubasebenzi"

USomlomo weSishayamthetho KwaZulu-Natal UMhlonishwa Nontembeko Boyce, uncome umsebenzi omuhle owenziye yimifelandawonye yezinyunya, wase ephinde ezibophezela ukuthi izethulo okuvuelwane ngazo kwiPhalamende lika-2020, "zizolandelewa, njengokomsebenzi weSishayamthetho okungukuthi kubandakanywe amalungu omphakathi (kulokhu, abasebenzi) ekubekweni nasekulandelweni kwemithetho esifundazweni."

UBoyce uthe ubhubhane i-COVID-19, luqale luyinhlekelele yezempilo, kodwa kancane kancane Iwagcina selukhinyabeza umnotho nezimboni zabasebenzi.

"Ukulahleka kwamathuba emisebenzi, ukudilizwa kwabasebenzi, nengqinamba yokusweleka kwezidingo-nqangi, okubangelwe ukunyakaziseka ngendluzula kwezempi nomnotho wakuleli, konke lokhu kuhlangene kushaya kuzwele kubasebenzi," kusho uBoyce.

Lo mgubho waminyaka yonke, ngokwejwayelekile, uyaye ube uhelelo Iwezinsuku ezimbili lapho amakhomishana edingida izihloko ezinhlobonhlobo, bese kuphethwa ngenkulomo kaNdunankulu. Ngenxa yokubhedula kobhubhane i-COVID-19, kuye kwaphoqeleva ukuthi uhelelo lumpintshelwe emahoreni amathathu.



AMALUNGU ESISHAYAMTHETHO KWAZULU-NATAL AHLOLISISE ISIMO SEZIKOLE NJENGOBA BEZIVULWA



IPHALAMENDE LAKWAZULU-NATAL NOKUSEBENZA NGOBUCHWEPEHESHE BESIMANJEMANJE

Kungakapheli ngisho nonyaka USomlomo wesi Shayamthetho sa KwaZulu-Natali uMhlonishwa Nontembeko Boyce akhuluma ngeSishayamthetho esisebenza ngobuchwepheshe besimanjemanje – lesi siphrofetho sesifezekile.

UMhonishwa uBoyce uveze ukuthi iKwaZulu-Natal isibalwa nezifundazwe ezihamba phambili, ezisebenzisa ubuchwepheshe besimanjemanje bokuxhumana ngale kokusebensiza amaphepha, ikakhulukazi uma kuziwa ekuxhumaneni ngama-video.

"Emavikini ambalwa edlule, asiqalanga nje kuphela ukubamba imihlangano yamakomidi, ukuhlala kweSishayamthetho, nemihlangano ebandakanya izinhlaka zemiphakathi ngobuchwepheshe besimanjemanje, kodwa siphinde sathuthukisa ngezinga eliphezulu izindlela zokusebenza kwamakomidi nendlu yeSishayamthetho ngaphandle kokusebenzisa amaphepha nemiqulu," kusho uBoyce.

"Nakuba ukusetshenzisa kobuchwepheshe besimanjemanje kusiza kakhulu injula yokusebenza kweSishayamthetho, uphiko Lokuhlela Nokuqhutshwa Kwemisebenzi yansuku zonke, luzolandela maduze. ISishayamthetho sisonke sihlelelw e ukuthi sibe yisikhungo esisebenza ngobuhlakani bobuchwepheshe besimanjemanje, futhi sizimisele ukuthi lokhu sikufeze maduze. Ingcindezi isihleli emahlombe ophiko lwethu lwezamabhzinisi osekufanele ukuthi nalo lwenze izindlela nemigudu yokusebenza ihambe ngobuchwepheshe," kusho uMhlonishwa Boyce.

Uthe kabagcini nje ngokusebenzisa ubuchwepheshe besimanjemanje, kodwa bonga imali kanti basaqhubeka nokufuna ukufinyelela kubantu abanangi kunalabo asebebatbolile ezinkundleni zokuxhumana.

"Ngalesi sikhathi ngonyaka ozayo, sivobe

sibungaza amanye amagxathu ohambeni lwethu lobuchwepheshe. Elinye lamagxathu, ukwethulwa kwe-APP yeSishayamthetho okuhloswe ngayo ukwenza lula ukuxhumana phakathi kwamalungu, abasebenzi nazo zonke izinhlaka ezidlelana neSishayamthetho ukuze kutholakale ulwazi kuphinde kwabelwane ngalo, ngokucindezela nie inkinobho." kusho uMhlonishwa Boyce.

Ube esenxusa amalungu eSishayamthetho ukuthi alisebenzise ithuba loqequesho elizovezwa ekusebenziseni izingqondomshini, amafoni anobushwepheshe obusegapheleweni eliphezulu, izixwembe nama-laptop

"Izinhlaka zethu Zokuxhumana Nokusabalalisa Ulwazi Ngobuchwepheshe, Ukuthuthukiswa Nokwenziwa Ngcono Kwezindlela Zokusebenza, zinezinhlelo ezinkulu ezizokwethulwa zokuqeqesha abasebenzi bonkana ekusetshenzisweni kobuchwepheshe kwisabelo mali sika-2020/2021," kusho uMhlonishwa Boyce.

UMhlonishwa uBoyce uthe ukusetshenziswa kobuchwepheshe akuzogxila kwiSishayamthetho kuperha, kodwa kuhlose nokukhombisa iminyango kahulumeni ukuthi nayo ingabeka eqhulwini izindlela zokuhambisa kangcono izinsiza zikahulumeni kubantu.

“Asizilibile izinhlaka ezenziwe uMnyango Wemisebenzi Yomphakathi Nokuphatha ezinhlelweni ezifana Nokulawula Ukusebenza Nokuthuthukiswa Kwezindlela Zokuhanjiswa Kwezinsiza Zikahulumeni Kubantu. Lezi zinhlaka zinenjongo yokwenza ngcono ukuhanjiswa kwentuthuko kubantu, nokuphungulwa kwenzindleko.” kusho uMhlonishwa Boyce.

**Asabalale agcwala izinkalo amalungu eSishayamthetho saKwaZulu-Natal,
eyohlola izikole ukuthi ngabe sezikulungele yini ukwamukela abafundi
ngemva kokuthi bese zivalwe isikhathi esingaphezu kwezinyanga ezimbili
ngenxa yobhubhane i-COVID-19.**

Lokhu kuhlolwa kwesimo sezikole esifundazweni kuyingxene yomsebenzi wePhalamende wokuqinisekisa ukuthi wonke amalungiselelo enziwe ngokusezingeni elifaneleyo, ngaphambimba kokuba abafundi babuyele emagumbini abo okufundela.

Bekungokokuqala ngqa kwenziwa lo mkhankaso selokhu kwabheduka ubhubhane iCOVID-19. Ngenxa yemigomo ebekiwe yokulwisananokusabalala kwalolu bhubbhane, nonyaka amathimba abehamba

ngamaqoqwana amancane; ngakho belu ukugwema ukuminyana.

Phakathi kwezinto ebezibhekwa amalungu
eSishayamthetho kube, ukuhlinzwekwa kwabafundi
nothisha ngezivikelo ezimqoka esingabala kuzo
izamfonyo nezibulali magciwane.

Kuphinde kwaqinisekisa ukuthi abafundi bahlala ngokuqhelelana emagumbini abo okufundela, njengokwesiyelezo soMnyango WeMfundu eyiSisekelo kuzwelonke ngaphambili kokuuyilwa kwezikole



UKWETHULWA KWESABELO MALI SESIFUNDAZWE



I KwaZulu-Natal iphinde yancishiselwa isabelo mali ihlandla lesishiyagalombili iminyaka ilandelana, kwisabelo mali sika-2020/2021.

okhu kuvezwe uNgqongqoshe WeZezimali esifundazweni uMhlonishwa Ravi Pillay, ngesikhathi ethula isabelo mali sesifundazwe phambi kwekomidi leSishayamthetho elibhekelele eZezimali.

"Isamba semali esiphunguliwe KwaZulu-Natal, sihlanganisa imali ephungulwe ngenxa yokuvuselewa kwemininingwane ngesifundazwe, nobuyekezo mali oluhlanganisiwe, kukonke kufinyelele ku-R2 billion, kube u-R2.7 billion, bese kuba u-R3.3 billion ngaphansi kohlaka olubekiwe oludonsa izinyangana lokusetshenziswa kwezimali," kusho uMhlonishwa uPillay.

UPillay uthe uMgcini Mafa kuzwelonek uveze ukuthi ukuphungulwa kwemali esigabeni sobuyekezo mali oluhlanganisiwe, kuhloswe ngakho ukunciphisa ukuchithwa kwemali kuzona zontathu izinhlaka zikahulumeni, isizathu salokho ukuthi uhulumeni kazwelonek ungahekise ukuthi lingase libe phansi izinga lemali ezoqoqwa yizwe nonyaka. Enye yezimbagela ukuthi kukhuliswe umnotho, kuncishiswe isikweletu sezwe, bese kulekelelwu u-Eskom. Isigaba esilandelayo ngaphambili kokuba kuphasiswe isabelo mali ngevoti lendlu yonke yeSishayamthetho saKwaZulu-Natal, ukuthi yonke iMinyango kahulumeni namakomidi ayibhekelele avele phambi kwekomidi lezeZimali.

USihlalo wekomidi leZezimali KwaZulu-Natal uMhlonishwa KK Nkosi uthe, "Isethulo sikaMgcini Mafa samukelwe yiwo wonke amalungu ekomidi. Lokhu kusinika ithuba lokucubungulisia kahle isabelo mali kuhinde kuniikeze amalungu eSishayamthetho isikhathi sokubuza ngqo nguNgqongqoshe WezeZimali Ravi Pillay, nezikhulu zakhe eziphezelu kulokho anemibuzo ngakho."



Intsha yaseNingizimu Afrika selokhu kwathi nhlo, ihale njalo iseqhulwini lemibhidlango yokulwela uguquko, inqoba, futhi yazi kahle kamhlophe ukuthi izabalazela ikusasa layo nelezizukulwane ezizayo.

USihlalo woSihlalo bamakomidi uMhlonishwa Themba Mthembu uthe, "Lesi sethulo sikaMgcini Mafa esifundazweni sethamelwa yiwo wonke amalungu eSishayamthetho, ukuze azilungiselele imihlangano yawo neMinyango kahulumeni KwaZulu-Natal, nayo ephinde yendlale ezayo izabelo mali. Lezi zabelo mali ziyaye zicutshungulwe amalungu amakomidi bese enza umbiko. Lo mbiko wekomidi ubekwa eziphebeni kuphelele wonke amalungu eSishayamthetho. Lokhu kwensiwa USihlalo ngamunye wekomidi alimeleyo."

UMholi weqembu eliphikisayo ePhalamende, iNkatha Freedom Party (IPF), uMhlonishwa VF Hlabisa uthe, "I-IPF iyasemukela isethulo sesabelo mali sika-2020/2021. Kumele sibeke eqhulwini ukuhambisa intuthuko kubantu kunokuthi sibeke phambilokhu okuthokozisa thina. Kubalulekile ukuthi imali esiyinikiwe kwisabelo mali sanonyaka isetshenziswe ngesikhathi nangendlela efanele ukuze kuzuze abantu bakithi!"

UMhlonishwa uPillay uthe nakuba sincishisiwe isabelo mali, eseKwaZulu-Natal sika-2020/2021 sizovikela izinhlelo zikahulumeni ezimqoka, "ukuze singaphunyukwa yinhoso ngqangi yethu yokushintsha izimpilo zabantu bonke."

UMhlonishwa uPillay uqhube wathi, "Inselelo esibhekene nayo namhlanje ihlukile kunaleyo yoLuthuli, no OR Tambo noMandela. Akudingekile ukuthi sibe sekhaleni lempi noma siboshwe. Kuphela sicelwa nje ukuthi sicabangisise kahle, sizimisele, sizithibe, siqaphele bese sisebenza kanzima nsuku zonke, uma nje sisanikiwe lelo thuba."

Ngomhlaka 6 kuMbasa 1979, umuntu omusha owayenesibindi kakhulu kwasebake baba khona wagwetshwa intambo. USolomon Mahlangu wazidela wanikela ngempilo yakhe ngenxa yenkululeko yethu. Isibindi sale nsizwa eyayisencane siyamangaza. Kwathi noma isizwile ukuthi isigwebo sayo ukufa: yathumela umyalezo okufanele uhlale njalo unkeneneza ezindlebeni zethu; wokuthi kayifi kodwa inonophalisa umhlabathi. Lesi singathekiso sithathelwa emyalezweni wobuqhawe asishiyela wona "Igazi lami lizononophalisa isihlahla esizokhiquiza izithelo zenkululeko."

Njengabantu abasha namhlanje, sehluke kakhulu ekuzideleni kwabantu abafana noSolomon Mahlangu ababenephupho ngenkululeko yawo wonke umuntu, izwe elikhululekile elikwaziyo ukuzimela liphinde libhekelele izidindo zabantu balo; izwe elizoqinisekisa ukuthi ukungabi nobulungiswa ngokomlando kuyahlehliswa noma kulungiswe; kuthi ukuphathwa komnotho kubek eghulwini abantu bakuleli; nokuyilapho ukuvalelw ngaphandle kwabantu abamnyama kuyoba umlando; lapho abantu abasha bezosebenza ngawo wonke amandla abo kukho konke abakwenzayo ngoba izinsiza, indawo, namathuba konke kuyavuma. Njengohulumeni oholwa uKhongolose, sizimisele kakhulu ngokuthi sibe yimbumba, singabi nakucwasa ngokobuhlanga nangokubulili kwiNingizimu Afrika ekhululekile, nokuyilapho abantu bonke bebusa futhi benamalungelo alinganayo. UMongameli enkulumeni yakhe abeyibhekise esizweni wakhulumka kabanzi ngezinhlelo Ubuholi Besithupha obunazo ngabantu abasha, ukuqinisekisa iNingizimu Afrika ekhululekile. Ukucaphuna amazwi eqhawen u-O.R Tambo: "Izwe, umzabalazo, abantu abangakuboni ukubaluleka kwentsha, abakuboni ukubaluleka kwekusasa."

Nghilonishwe ngesokuba uSihlalo wekomidi Lezemidlalo Nokungcebeleka, ngase ngiba nethuba lokuhlangana nabantu abasha abaneziphwi ezmangalisayo kwezemidlalo. Abanye babantu abasha abavuse usinga yilaba basezindaweni zasmakhaya ezingenazinsiza kodwa abenze kahle kakhulu ngesikhathi bencintisana nozakwabo abasuka ezindaweni ezingcono, abaze baziggiza qakala izingqinamba ababhkene nazo. Ngiphinde ngahlangana nabantu abasha abaneziphwi ezmangalisayo abebemele isifundazwe kwezemidlalo ezinhlobonhlobo, maqede babuya benqobile. Ngibe nethuba lokubona izingqalasizinda ezmangalisayo zeZemidlalo Nokungcebeleka ezindaweni ezazinganakiwe uhulumeni wobandlululo.

Ngibe nethuba lokuhlangana namaqembu ethu ebola likanobhutshuzwayo adlala kwi-PSL, awesigaba sokuqala nesesibili, aweSAFA Regional League nawo wonke amaqembu amancane esinawo. Ngibe nemihlangano nazo zonke izinhlaka zezemidlalo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi ikomidi lethu lidlala indima efanele nokuthi izimo okudlalwa ngaphansi kwazo, zilungele ukuthi eZemidlalo Nokungcebeleka ziqhubeke nokuba negalelo elikhulu emnothweni wakuleli.

Uku lokhu kwenzeke uMnyango uyaye uqinisekise kwikomidi leSishayamthetho, ukuthi izinsiza zizogxila ekwakhiwi kwezingqalasizinda zezemidlalo ezesimweni futhi ezinakho konke okudingekayo, bese kuphinde kuqhutshewa nokwesekwa kwemifelandawonye yezemidlalo nezinye izinhlaka ngokuthi kunikezelwe ngoxaso lwezezimali; ukuze kuthuthukiswe ezemidlalo nezinhlelo eziseqophelweni eliphezulu. Ezemidlalo ezingenelewa abantu abasha abanangi aziwona nje umdlalo, kodwa ziyingdela yokwenza inzuzzo kwabaningi, umsebenzi ofaka isandla emnothweni. Thina njengezwe nesifundazwe, sibhekene nobhubhane i-COVID-19, nokuholele ekutheni sihoxise imincintiswano, imicimbi, nemidlalo eminingi ethinta kakhulu abantu abasha endimemi yezemidlalo.

Sithokoza kakhulu ngokungelela okumenyezelwe uMongameli. Sibonga nalabo abasekhaleni lokulwa nalolu bhubhane, uNgqongqoshe Wezemphilo kuzwelonek uDkt Zweli Mkhize, Ithimba Likazwelonek Eleluleka Ubuholi bezwe ekulweni nobhubhane, uNgqongqoshe Wezemphilo esifundazweni uMhlonishwa Nomagugu Simelane, nabo bonke abasebenza ngokuzikhanda ekunqandeni ukusabalala kobhubhane.

Nakuba lesi sikhathi esibhekene naso simfiliba, sizosebenza ngokubambisana ukuze sidlule kulosku. Izengqinamba eziphezamisile zizohlehlisa, bese kutholakala izindlela ezintsha zokulungisa lapho kungahlehliseki khona. Kulezi zikhathi zobunzima, sigqugquzelabantu abasha abasemkhakeni Wezemphilo ukuthi bavuke bazithathe, bame isibindi, bagxilise amakhono abo ekusizeni abantu kuleli hora lesidingo.

Siyisizwe esesikwazile ukubhekana nezigigaba ezinyantisa igazi eziyisihlu esibhekiswe kubantu-isizwe esivuka sizithath. Ngianxusa ukuthi sonke siyilandele imigomo ebekiwe. Nalokhu futhi kuzodlula.

Amanda Bani-Mapena

USihlalo wekomidi Lezemidlalo Nokungcebeleka.

NGOKWEDLULA EMHLABENI KUKAMHLONISHWA N.R. MTHEMBU



The late, Honourable Ricardo Mthembu

Sigqemeke engeqiwa ntawala
iSishayamthetho saKwaZulu-Natal
ngokwedlula emhlabeni kukaMhlonishwa
Njabulo Ricardo Mthembu, oqale ukuba
yilungu leSishayamthetho ngemva
kokhetho lukazwelonek nolwezifundazwe
ngonyaka ka-2019.

Ngemva kokufungiswa njengelungu leSishayamthetho sesifundazwe, uMhlonishwa uMthembu waqokelwa kwesokuba uSihlalo wekomidi elengamele Ukubusa Ngokubambisana Nobuholi Bomdabu.

Edlulisa amazwi enduduzo, uSomlomo weSishayamthetho saKwaZulu-Natal uMhlonishwa Nontembeko Boyce uthe iSishayamthetho besialindele lukhulu kuMthembu, njengoba ebasesebenze kuhulumeni wasekhaya iminyaka eyisishiyagalombili.

"Sithanda ukuzwakalisa ukudumala kakhulu siyisishayamthetho. Ngokukhulu ukudabuka sithanda ukudlulisa amazwi enduduzo emndenini, iqembu lambu lakhe, uKhongolose, umndeni wonke weSishayamthetho saKwaZulu-Natal nakubantu balesi sifundazwe," kusho uMhlonishwa Boyce.

UMhlonishwa uMthembu ubeyiMeya yoMkhandlu waKwaDukuza iminyakka eyisishiyagalombili ngaphambi kokuba ehle ngemva kokhetho lukaNhlaba.

"UMhlonishwa uMthembu ubekuqonda kahle ukabaluleka komsebenzi wokwengamela wekomidi Lokubusa Ngokubambisana Nobuholi Bomdabu njengomshayimthetho futhi ubenza imisebenzi yakhe ngesizotha," kusho uMhlonishwa Boyce.

Uphinde wadlala elikhulu igalelo, hhayi nje kuphela ekuqinisekiseni ukuthi uMnyango wenza umsebenzi owumiselwe, kodwa ubephinde aqinisekise ukuthi ziyanthuthukiswa nezindlela okuhanjiswa ngazo izinsiza zikahulumeni emiphakathini.

USihlalo woSihlalo bamakomidi eSishayamthetho saKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembu Mthembu uhambe emazwini abanye abashayimthetho esho ukuthi uRicardo ubezinikele kakhulu emsebemzini wakhe, ezinikele futhi nasekuthuthukiseni imiphakathi ehlwempu naleyo ebekelwe eceleni.

Uzokhumbuleka kakhulu kithi sonke. Umphefumulo wakhe mawuphumule ngokuthula kwanguna phakade.



Photo courtesy of Rising Sun Community Newspaper.



Honourable Linda Hlongwa-Madlala

IKOMIDI LESISHAYAMTHEHO ELIBHEKELELE UKUHLALISWA KWABANTU **LAMUKELE UMBIKO NGAMAGXATHU ASETHATHWE YILO MNYANGO UKULWA NOBHUBHANE I-COVID-19.**

Ikomidi leSishayamthetho elibhekelele ukuHlaliswa Kwabantu KwaZulu-Natal lishayele ihlombe uMnyango wokuHlaliswa Kwabantu esifundazweni ngokubeka eqhulwini izindawo zabadla imbuya ngothi, emizamweni yavo yokulwa nobhubhane i-COVID-19 - ngokufafaza ngobuningi imijondolo, izindawo ezihlala abantu abadala namahostela, kanti uphinde ungene imizi ngemizi unikela ngezibulali magciwane nensipho engamaqhuza.

U Sihlalo wekomidi uMhlonishwa Linda Hlongwa-Madlala ubonge uMnyango noNgqongqoshe, ngokubeka eqhulwini izindawo zabahlwempu, njengemijondolo namahostela.

UMnyango ubuholwa uNgqongqoshe uNkk Neliswa Peggy Nkonyeni kanye neNhloko yoMnyango uMnuz Mduduzi Zungu. Inhlanguano i-South African Civics Organisation, ne-“shack dwellers” Movement – Abahlali baseMjondolo, ezinye zezinhlanguano ebezethamele lo mhlangano.

UMhlonishwa UNkonyeni ubike ukuthi igalelo loMnyango ekulweni ne-COVID-19 lihlanganisa imikhankaso yokuqwashisa imiphakathi ngezempi, ukufakwa kwamathangi amanzi ahlanzekile emiphakathini efana nemijondolo. UMnyango ube

usunweba uhlelo lokuthuthukiswa kwemijondolo, nemikhankaso yokuvunjelwa kwabantu ukuthi bazithathole umhlaba ngodli. UNkonyeni uthe uMnyango uphinde wathola nezinye izicelo zokuyofafaza ngesibulali magciwane izindawo ezingamakhaya abadala.

Umbiko woMnyango ushayelwe ihlombe ngamalungu ekomidi, iningi lawo lancoma uMnyango ngokuthatha izinyathelo ngokushesha.

USihlalo ugcizelele ukuthi uMnyango kufanele wakhe uhlelo ozosebenza ngalo uma sekwedlule i-COVID-19.

"UMnyango kufanele uhlelele nengale kwe-COVID-19, bese usesthulela uhlelo oluvezza ukuthi zizosetshenziswa kanjani izabelo mali ezishintshiwe ngenxa yokubhedula kwesifo," kusho uHlongwa-Madlala.

IKOMIDI LESISHAYAMTHETHO ELIBHEKELELE UKUBUSA NGOKUBAMBISANA NOBUHOLI BOMDABU LAMUKELE UMBIKO NGOBHUBHANE I-COVID-19



CoGTA MEC inspecting the water tanks purchased by his department to be distributed to different municipalities in order to bring water closer to the communities during an effort to reduce the spread of COVID-19.



Honourable Ricardo Mthembu

Ikomidi leSishayamthetho elengamele Ukubusa Ngokubambisana Nobuholi Bomdabu (CoGTA) KwaZulu-Natal linikwe isiqiniseko ngohlelo Iwesifundazwe lokulwisanane-COVID-19, oselumi ngomumo njengoba kuyilona olungumhlahlandela ngezinyathelo okumele zithathwe yiMinyango, oMasipala, kanye nezinye izinhlaka zikhulumeni.

UNgqongqoshe we-CoGTA esifundazweni uSiphlo Hlomuka uthe lolu hlelo lwakhelwe phezu kocwaningo, oluveze izindawo ezinesibalo esiphezulu sabantu abahaqwe ubhubhane i-COVID-19, nalezo ezihwempu esigaben somasipala.

Ikomidi lajiswe ngobunjalo besimo, KwaZulu-Natal mayelana nokusabalala kobhubhane i-COVID-19. UMkhandlu weTheku iwona onesibalo esiphezulu sabantu asebethelelekile ngalesi sifo.

UMhlonishwa uHlomuka utshele ikomidi ukuthi uMnyango uphinde unikezele ngamanzi ahlanzekile ngamathangi agxunekwa emiphakathini nalawo angomahamba nendlwana, ukuze kuthi thuthu izinga lenhlanzeko, nokuyiyona nto eseqlhulwini ekunkandweni kokusabalala kobhubhane.

"Kunohlelo lokufafaza ngesibulali magciwane izindawo zomphakathi esifundazweni sonkana, olugxile kakhulu ezindaweni eziyimjondolo. UMnyango uphinde unikele ngezijumbana zokudla emiphakathini ehlwempu usebenzisa oMasipala," kusho uHlomuka.

USihlalo wekomidi uMhlonishwa Ricardo Mthembu uwakalise okukhulu ukukhathazeka mayelana nokwabiwa kwezijumbana zokudla emiphakathini ekhinyabezekile. "Sifuna ukubona ukusebenzisana okungcono ekwabiweni kwezijumbana zokudla ukuze kuqinisekiswe ukuthi akukhethwa phela emasini, bonke abantu abakhinyabezekile emiphakathini kumele babelwe ukudla ngokulinganayo. Kunenkolelo yokuthi oMasipala bahambisa ngokobuqembu ekwabiweni kokudla," kusho uMhlonishwa Mthembu.

UMnyango kudingke ukuthi ushintshe isabelo mali sawo sanonyaka, ukuze ukwazi ukusebenzisa ingxenye ethize yemali emizamweni yavo yokunqanda ubhubhane i-COVID-19.

Ikomidi liphinde lajiswa ukuthi uMnyango kazwelone ubungakayidedeli imali ewuxhaso okufanele isetshenziswile yilesi sifundazwe ukulwa ne-COVID-19. I-CoGTA esifundazweni ivese ukuthi kungumqansa ukuthola ukwesekwa eMnyangweni we-CoGTA kuzwelone. Lo Mnyango sewendlale zonke izinhlelo zawo kuzwelone, kodwa kuze kube manje ubungakayitholi impendulo.

Akukho ngisho nowodwa uMasipala esifundazweni osuwamukele imali ewuxhaso lokunqanda ubhubhane i-COVID-19. Kuyimanje oMasipala basebenzisa izabelo mali zabo ukubhekana ngqo ne-COVID-19, okuhlanganisa ukwabelwa kwalabo abakhinyabezekile ngezijumbana zokudla. UMyango ube usucela ikomidi ukuthi lingenelele kulolo daba.

UMhlonishwa uHlomuka uthe ubeseke waxhumana nozakwabo kuzwelone uNgqongqoshe Dkt Nkosazana Dlamini-Zuma ukuze kuxazululwe indaba yemali ewuxhaso Iwesifundazwe. UHlomuka uqhube wathi, uye waziswa ukuthi uMgcini Mafa kuzwelone ubengakaphipi ngisho nesenti lodwa leli ukwelekelela ukulwa nobhubhane kuzona zonke izifundazwe, ngenxa yokuthi ubengakaqedu ukubala.

"NjengoSihlalo wekomidi le-CoGTA esifundazweni, ngizodlana indlebe noNdunankulu bese ngidlulela kuzakwethu onguSihlalo wekomidi le-CoGTA eSishayamthetho sikazwelone, ukuze ngiqinisekise ukuthi isifundazwe sikhululewa ngokushesha imali eyisibonelelo yokulwa nobhubhane i-COVID-19. Siyamqquqzuela naye uNgqongqoshe ukuthi aqhubeke nokuxoxisana nozakwabo kuzwelone ukuze kusheste ukukhululwa kwemali yokulwa nobhubhane esifundazweni," kusho uMhlonishwa Mthembu.



Photos courtesy of KZNOnline.

IKOMIDI LEZOLIMO ESISHAYAMTHETHO LIBONGA IGALELO LABALIMI ABASAFUFUSA

Amalungu ekomidi leSishayamthetho KwaZulu-Natal abhekelele eZolimo nokuThuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya, azwakalise okukhulu ukujabula ngesikhathi inhlangano yabalimi i-African Farmers Association of South Africa (AFASA), inikela ngomhlambi wezinkomo ezingu-30 ngokubambisana noMnyango WeZolimo nokuThuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya esifundazweni, onikele ngezingu-40.

Lezi zinkomo ezinikeliwe ziysiswe eCEDARA zahlatshwa, ukuze imibengo yenyma ihanjiselwe iminden ehlwempu nekhinyabezeke kakhulu esifundazweni ngenxa yobhubhane i-COVID-19.

USihlalo waleli komidi uMhlonishwa Ntombikayise Sibhidla-Saphetha, uncome kakhulu igalelo le-AFASA, wathi lokhu kukhombisa Ubuntu.

"Sinxenxa nabanye osomabhizinisi ukuthi belule isandla belekele imiphakathi ekhinyabezekile ngenxa

yalolu bhubbhane. Uhulumeni uyadinga ukwelekelela. Izimboni ezizimele zinendima enkulu ezingayidlala emiphakathini. Siyacela ukuthi nabanye osomabhizinisi beze ngaphambili belekelele ukuvula igebe elivezwe ubhubhane i-COVID-19," kusho uSibhidla-Saphetha.

Uphethe ngokuthi, abalimi abancane okuhlanganisa nalabo abangamalungu e-AFASA, ababhekanga ukuthi nabo bashayeke kakhulu ngenxa ye-COVID-19, kualokho belule isandla basiza imiphakathi.

IKOMIDI BELIHLOLA AMAQHINGA OMNYANGO

WOKULWA NOBHUBHANE I-COVID-19



Ikomidi leSishayamthetho KwaZulu-Natal elibhekelele eZempilo libize uMnyango Wezempilo ukuthi uzokwenza izethulo ngokuviva kwezikhungo zikahulumeni zeZempilo ekunqandweni kobhubhane i-COVID-19. Lokhu kuhlaluke ngemuva kokuthi leli komidi eliholwa uSihlalo Nomakiki Majola, lingagculisekanga ngesimo elisifice kwezinye zeZibhedlela ngesikhathi lihambele izikhungo zeZempilo ezahlukahlukene esifundazweni.

Lezi zikhungo zihlanganisa isibhedlela iGreys, i-Addington, i-Ngwelezane neMangazi. USihlalo uzwakalise ukungenami ngamalungiselelo alezi zikhungo ezhlonzelwe ukungenisa iiziguli ezihaqwe ubhubhane, njengoba ethe kunezinto eziningana ezsadinga ukulungiswa kwizakhiwo, ngaphambi kokuba zikwazi ukwamukela iziguli.

"Isibhedlela i-Addington sinezinsiza ezingcono, nakuba zikhona izindawana ezsadinga ukulungiswa. Izibhedlela, esaseNgwelezane nesaseMangazi zisesimweni esingcono kakhulu," kusho uMajola.

UNgqongqoshe Wezempilo esifundazweni uMhlonishwa Nomagugu Simelane-Zulu uthe nakuba isibhedlela iGreys ingesinye sezikhungo ezhlonzwe uMnyango kazwelone, uMnyango WeZempilo esifundazweni ube usunquma ukwengeza ezinye ezimbawu, "ngexa yobubanzi besifundazwe, ngeke sukwazi ukuba nesibhedlela esisodwa." Lezi zikhungo zifaka ezine zesifunda iMadadeni, iNewcastle, uMnambithi neDindeli."

Kuphinde kwadingidwa udaba lokuqeleshwa kwabasebenzi beZempilo ukuze bakwazi ukuzivikela baphinde banakekele labo asebehaqekile, kanti

uMnyango uveze ukuthi selupotholiwe uqeleshwa. Ikomidi liye lawinisekisa ukuthi udaba lokulahlwa kwemfucuza yabantu abathelelekile, ukuphathwa kwezidumbu uma kwenzeka kuba khona abashonayo, nakho konke nje ukulawulwa kweziguli ezine-COVID-19, kucaciselwe bonke abasebenzi ukuze kugwenywe ukuthelela ngalolu bhubbhane.

Kuphinde kwavunyelwana ngokuthi uMnyango uzoqhube ka nokuxhumana Nesikhungo Sikazwelone Esilawula Izifo Ezithelelwanayo. Nokuyilapho kuzoqhetshewka khona nocwaningo bese kusabalalisa imiphumela kuzona zonke izikhungo zeZempilo, kusetshenzwa abaxhumanisi.

USimelane-Zulu uthe uMnyango uphinde wengeza ezinye futhi izibhedlela eziolungiswa ukuze zibe sesimweni esifanele ukugcina labo asebehaqwe ubhubhane i-COVID-19. Lezi zibhedlela, esaseDundee, eVryheid, Emmause naseMurchison.

Amalungu ekomidi agcizelele ukubaluleka kokuthi uMnyango wenze imikhankaso kwabezindaba, kuhlanganisa nezikhangiso emaphephabeni ukuwashisa imiphakathi ngobhubhane.

IKOMIDI LESISHAYAMTHETHO ELIBHEKELELE

EZEZIMALI LINGENELE OHLELWENI LOKWAKHIWA

KWEZINDLU ZANGASESE KWANONGOMA

Ngemuva kokuthola imibiko kwabebekhathazekile ngenxa yokufadabala kohlelo lokufakwa kwezindlu zangasese eMsebe KwaNongoma, uSihlalo wekomidi lezeZimali esiShayamthetho sa KwaZulu-Natali uMhlonishwa u Sipho 'K.K.' Nkosi nekomidi lakhe banikele khona ukuyozwa izimvo zomphakathi nezoMkhandlu Wesifunda iZululand, ngenhoso yokusiza ukuthi kubuyiselwe lolu hlelo ukuze kusizakale lo mphakathi oludingayo.



Honourable Sipho 'K.K.' Nkosi

Ngokusho kukaMhlonishwa uNkosi, lokhu bekungesiyyona nje kuphela injongo yokungelela, kodwa bebefuna nokuphenya ibheshu kulabo baholi abayimbangela yokusokola komphakathi, njengoba bexhaphaza izimali zabakhoki bentela, beshiya imiphakathi ingenazindlu zangasese, ekubeni uhulumeni enze umhlahlandlela wafaka eningi imali kulolu hlelo.

USihlalo ufunge wagomela phambi komphakathi obugcwele ihholo laseMsebe wathi, labo abaxhaphaze imali kahulumeni bazobhekana ngqo nengalo yomthetho. Ut he uphenyo luzoqala maduze ukuze bonke abenzi bokubi bajze.

Ngesikhathi ephawula amalungu omphakathi, azwakalise okukhulu ukukhathazeka ngokuziphatha

kwezikhulu eziqashwe kulesiya sifunda. Amalungu omphakathi amanangi aphawule ngokungananazi akhombe ngenjumbane "izikhulu ezenza inkohlakalo futhi ezigwazelwayo."

Ngesikhathi ephendula imibuzo yabezindaba uMhlonishwa uNkosi uveze ukuthi, ngokombiko abawunikwe uMnyango kaMgcini Mafa, kuyavela ukuthi kukhona okungahanjwanga kahle kulo Mkhandlu ngesikhathi kunikezelwa ngethenda. Kodwa ube esekucizelela ukuthi ngaphambi kokuthatha izinqumo, ikomidi lizolinda umbiko ophelele walo Mkhandlu, ochaza kabanzi ngokukhishwa kwalolu hlelo kuhlanganisa nayo yonke imigudu eyalandewa ngesikhathi kukhishwa itenda.

IKOMIDI LEZEMIDLALO NOKUNGCEBELEKA LIDLULISE AMAZWI ENDUDUZO EMNDENINI KULANDELA UKUDLULA EMHLABENI KUKA- CEDRIC 'Sugar Ray' XULU

**Ugqemeke engeqiwa ntwala umkhakha weZemidlalo Nokungcebeleka
esifundazweni, kalandela ukwedi lula emhlabeni kwasigayi sebhola
likanobhutshuzwayo, uCedric 'Sugar Ray' Xulu.**



Photos courtesy of eNCA.



The late 'Sugar Ray' Xulu (second from left).

Uxulu ubi yingqophapha mlando kwezebhola likanobhutshuzwayo nasekuthuthukisweni kwezemidlalo kusukela ngemiyaka yawo-1960 nawo-1970.

USihlalo wekomidi leSishayamthetho elibhekelele eZemidlalo Nokungcebeleka uMhlonishwa Amanda Bani-Mapena uthetho, "sikhlasana kakhulu nomndeni, iqembu lebhola Amazulu, inhlango yakhe kanye nabo bonke abasemkhakheni webhola likanobhutshuzwayo. Sithatha leli thuba ukubonga umndeni ukuthi ukwazile ukusivumela nathi ukuthi sibe yingxene yempilo kababa uSugar Ray, neqembu lamaZulu ngokuqiniseka ukuthi umlando nemisebenzi kaXulu kayishabalali," kusho uBani-Mapena.

Uhulumeni kazwelonek oholwa uKhongolose wabona kufanele ukuthi inkundla yebhola eseClermont, eThekwini lapho bekuhlala khona uXulu iqanjwe ngaye, ngaphambi kokuqala kwemidlalo yendebe yomhlaba ka-2010 lapha eNingizimu Afrika.

Namhlane i-Sugar Ray Xulu Stadium isetshenziselwa imidlalo ye-PSL. UXulu waba ngenye yezingqophapha mlando ezabungazwa ngendebe yomhlaba ka-2010, kanti ubesaqhube ka nokuthuthukisa ibhola esebenzisana namaZulu Community Trust.

"Ngeke simkholwe uBaba uSugar Ray ngomlando awuqophapha kuleli zwe, ngesikhathi eba ngumuntu wokuqala ngqa womdabu wase-Afrika ukushaya inqaku athele ngehlazo iqembu elalinabdlali abamhlophe bodwa ngezikathathi zobandulululo kuleli. Lesi sigameko esasingazibeki nangaleziya zikhathi, saba yingqophamlando eyahlwanyela uguquko ebholeni likanobhutshuzwayo eNingizimu Afrika," kusho uBani-Mapena.

UXulu, obengungqondongqondo kwezebhola ngaphakathi nangaphandle kwenkundla; wadlalela iqembu lebhola Amazulu iminyaka eminingi, kanti uzokhunjulwa kakhulu ngekhono lakhe ebelingavamile nangobuholi kwezebhola.

"Njengoba sibungaza impilo yakhe simnika nembeko, ngeqhaza lakhe ekuthuthukisweni kwebhola likanobhutshuzwayo eNingizimu Afrika, ngikhumbula izikhathi eziningi lapho besiba nezingxoxo naye, ngendlela abeziqajqa ngayo lapho elanda ngemisebenzi yakhe nangothando abenalo ngokuthuthukiswa kwebhola likanobhutshuzwayo. Wayibuyisa ekhaya indebe yeLigi ngesikhathi edlalela AmaZulu ngonyaka ka-1972," kusho uBani-Mapena.



An activist, people-centred legislature

MISSION

To deepen democracy and activism in KwaZulu-Natal through robust oversight, effective public participation and efficient law-making.

OFFICE OF THE SPEAKER
239 Langalibalele Street, Pietermaritzburg 3201
Private Bag X 9112, Pietermaritzburg 3200

Executive Secretary to Speaker: Dintle Mamonyane
Reception: Ms Nobahle Shomela
Tel: 033 355 7689 | Fax: 033 355 7766

OFFICE OF THE SECRETARY
244 Langalibalele Street, Pietermaritzburg 3201

Ms Zamaswazi Nkosi | Vumile Ngidi
Tel: 033 355 7600/7725

RECEPTION
Tel: 033 355 7600

THIS NEWSLETTER WAS PRODUCED BY:

Communications Unit

Editor: Wonder Hlongwa

Managing Editor: Sina Nxumalo

Contributors: Moh Ismail, King Khumalo, Wesley Canham, Super Zuma, Nomhle Mayeza, Bongani Tembe no Ms Nomusa Phungula

Layout and Design by: Artworks | www.artworks.co.za

Enquiries: hlongwaw@kznleg.gov.za | **Cell:** 082 908 3532

www.kznlegislature.gov.za

The Editor would like to thank all officials who forwarded pictures to the editorial team of this publication.